Dipaleseng Municipality

Private Bag X 1005
Balfour, 2410
Tel: (017) 773-0055
Fax: (017) 773-0169
Email: dipaleseng@worldonline.co.za

Address all correspondence to the Municipal Manager

11 uNdasa 2026

**ABEZINDABA**

ATT: Abahleli bezindaba/ Izintatheli

**ISITATIMENDE SABEZINDABA: UKUVIKELA UKUHLINZWA KUKAGESI NGENKOKHELO EZIBOPHEZELA IZINKONZO ZIKAMASIPALA.**

Ihhovisi lika Meya Omkhulu we Dipaleseng Local Municipality licela izakhamuzi, amabhizinisi kanye nabo bonke ababambiqhaza ngaphakathi kukamasipala wethu ukuthi babeke phambilipala, ukukhokha ama-akhawunti kamasipala, ikhakhulukazi ugesi, ukuze kuvikelwe ukuzinza kokunikezwa kukagesi emiphakathini yethu.

Intuthuko yakamuva kanye nemibiko kazwelonke ikhombisa ukuthi izikweletu ezibangwa omasipala ku Eskom ziyaqhubeka nokuphuka kakhulu ezweni lonke. I-Eskom isexwayise ukuthi omasipala abangahlangabezani nezibopho zabo bangase babhekane nezinyathelo zokulawulwa kwezikwelethu noma ukuncishiswa kokunikezwa kukagesi.

Lezi zimo ziyisikhumbuzoesicacile sokuthi ukuqhubeka kokunikezwa kukagesi ezingeni lendawo kuxhumene ngqo nesiko lokikhokha emphakathini wethu.

Njengobuholi bukaMasipala wase Dipaleseng, sifisa ukugcizelela ukuthi imali eqoqwa kubasebenzisi bezinsiza iyona eyenza umkhandlu ukwazi ukukhokhela u-Eskom ugesi othengwa ngobuningi. Uma ama-akhawunti engakhokhwa, umkhandlu ubekwa ngaphansi kwengcindezi enkulu kwezezimali, okwandisa ingozi yokuphazamiseka kokunikezwa kukagesi emphakathini wonke.

Ugesi aubalulekile kuphela emakhaya, kodwa ubalulekile kakhulu nasekusebenzeni komnotho wendawo, ezikoleni, emitholampilo nakwezinye izinsiza zomphakathi ezibalulekile. Ngakho-ke umthwalo wokuvikela le nsiza abalulekile ubekwe phezu kwethu sonke. Ngakho-ke sibia zonke izakhamuzi namabhizinisi ukuthi:

- Bakhokha ama-akhawunti abo kamasipala ngokuphelele futhi ngesikhathi.
- Benze isivumelwano zokukhokha nomasipala
- Basekele imizamo yokuqinisa uzinzo kwezezimali kanye nokulethwa kwezidingo kumasipala

Khona manjalo, umasipala uyavuma ukuthi eminye imizi ibhekene nobunzima bezimali ngempela. Imizi enjalo iyakhuthazwa ukuthi ize ngaphambili futhi ibhalise kuhlu yabahlwempu kamasipala, ehlinzeka ngokufinyelela ezindleleni zosizo kubahlali abafanelekile ngokuhambisana nezinqubomgomo ezigunyaziwe zikamasipala.

Ayikho imindeni efanelwe usizo ngempela okufanele ihlale ngaphandle kwalezi zinhlelo zokwesekwa.

Njengobuholi bezepolitiki kuMasipala Wendawo wase-Dipaleseng, sisazibophezele ngokugcwele ekuqinisekiseni ukuziphatha kahle kwezezimali, ukuphatha ngendlela efanele kanye nokuvikelwa kwezidingongqangi zayo yonke imiphakathi engaphansi kwamandla ethu.

Kodwa-ke, lesi sibopho ngeke sibekwe phezu kukamasipala kuphela. Isiko lokukhokhela izinsiza kubalulekile uma sifuna ukuvikela ukusimama kwesikhathi eside kokuhlinzekwa kukagesi kanye nezinsiza zikamasipala.

Asisebenzisane ukuvikela ikusasa likamasipala wethu futhi siqinisekise ukuthi i-Dipaleseng ihlala ingumasipala osebenzayo, othembekile futhi ogxile emisebenzini.

Kukhishwe ngu

**uKhansela. NB Khanye**
**uSodolobha**


**Tel: 017 004 0027**
**Email: records@dipaleseng.com**
**Complaints: complaints@dipaleseng.com**
**WhatsApp: 071 683 7755**
**Facebook: Dipaleseng Local Municipality**
**Website: www.dipaleseng.gov.za**